NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2024

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU A *INHLIZIYO EYOPHAYO*: T. R. WELA

***IQINISO LIYABABA:* K. L. Makhoba**

UMBUZO 1

1.1 Ubaba kaSivalo, ikhehla uNteke, ukhuluma nendodana yakhe uSivalo.

1.2 UNteke ongubaba kaSivalo uzithola esemhlanganweni ophuthumayo obizwe nguSivalo ukuzokhuluma udaba lukaVusumuzi osolwa ngokungabi yingane yalapha ekhaya. Okwakumthinta kakhulu uNteke ukuthi iqiniso wayelazi, elokuthi uVusumuzi iyona ngane kaSivalo yangempela kodwa amantombazane akuwona awakhe, futhi nguyena owashelela uSivalo uKaMakhaye ngoba efuna ukuthi abenomuzi (ikhasi 29). Kubukeka sengathi unesandla ekutheni umakoti uKaMakhaye athole izingane nomfowabo kaSivalo ukuze kuzomiswa umuzi (ikhasi 32).

1.3 Wayecabanga ukuthi unezingane ezimbili zamantombazane. Ezithanda, ezincoma nangobuhle bazo. UPhoshozwayo waze wamfakazela ngokuthi lama ntombazane onoshudula boqobo, bahle bachitha isikhathi (ikhasi 29).

1.4 Cha kwakungesona ngoba kusukela ekuqaleni uSivalo esanda kushada noKaMakhaye, wabhunguka wamshiya. UKaMakhaye wayehlekwa njengesaliwakazi (ikhasi 30). Indlela uSivalo akhuluma ngayo noKaMakhaye itshengisa ukungamthandi, nokungamhloniphi njengonkosikazi wakhe. Okubi kakhulu ukungathembi uKaMakhaye amshaye, amklinye ngoba ethi uVusumuzi akuyona ingane yakhe (ikhasi 31/32).

Omunye umfundi angathi yebo isenzo esihle ngoba wayengakwazi ukuzeshelela, uyise wamzama wamtholela inkosikazi ebekezelayo. UKaMakhaye wamenza umuntu ebuya engenalutho ekubhungukeni (ikhasi 30). Babenazo izikhathi ezimnandi emndenini wabo (ikhasi 30) nakhu namanje sebenendodana le ayeyifuna yize kwasekulahleke ithemba.

IEB Copyright © 2024

1.5

- Iqiniso elakhulunywa nguKaMakhaye lalithi amantombazane lawa uSivalo aziqhenya ngawo, akuwona awakhe, azalwa ngumfowabo omdala osashona. Ngenxa kaSivalo yokungatholi izingane emva kokuhamba odokotela nezinyanga, umndeni kaSivalo, ikakhulukazi kunezinkomba ezithi uyise uNteke, benomakoti uKaMakhaye bathatha isinqumo sokuthi ukuze kumiswe umuzi, uKaMakhaye akathole izingane nomfowabo kaSivalo (ikhasi 31/32). Ngakho-ke uVusumuzi, lo uSivalo angamfuni uyena oyingane yakhe ngempela.

- USivalo wahluleka ukumelana naleli qiniso, waquleka.

- Kuzoya ngempendulo yomfundi, omunye angathi ukhohlakele, unesibindi ngoba wavumelana nomndeni ukutholela uSivalo izingane ngokulala nomfowabo kaSivalo. Omunye angathi uyahlonipha emzini ngoba wenza okushiwo ngumndeni nobabezala ukuze kuqiniswe umuzi. Lesi senzo siyingxenye yesiko ngakho-ke akanacala. Omunye umfundi angathi ngesikhathi uSivalo edukenezwe lo mndeni awumxoshanga. Ngakho-ke uKaMakhaye wakubona kubalulekile ukusiza lo mndeni, futhi ecabanga ukuthi kuzosizakala noSivalo.

- Ikusasa lalo mndeni lifiphabele, kumnyama. Impilo ngeke isafana. USivalo angazonda umndeni wakhe, kakhulukazi ubaba wakhe ngalesi senzo sokwakha uzungu nomakoti. USivalo angaphinde azonde umkakhe kakhulu ngoba ethi isenzo sakhe sikhombise ukungamhloniphi. Ngakho-ke uSivalo angafuna ukuxosha uKaMakhaye noma afune isehlukaniso, angafuna ukuxosha amantombazane nonina, asale noVusumuzi, noma angakhetha ukuphinda aduke nezwe, ebalekela ihlazo emphakathini. Okunye ukuthi lo mndeni ungazisola ngesenzo sawo, uzame ukuxolisa nokuchazela uSivalo ngokubaluleka kwesenzo sawo. Noma lo mndeni ungangazisoli ngoba uthi bewulandela isiko ukuze kukhule umndeni.

Ulimi

Inani lamagama nokulibhala

UMBUZO 2

AMACONSI EGAZI: **N. F. Mbhele**

Qhathanisa uSithuli noSithombe.

Bazana kanjani laba bobabili futhi kwenzekani phakathi kwabo?

USithuli noSithombe babeyizithandani, bahlukana eminyakeni eyisithupha eyedlule. USithuli wathembisa uSithombe umshado. USithombe wayeka konke empilweni waziphathisa okwentombi kodwa uSithuli wamlahlisa okwenyongo yenyathi, washada nomunye wesifazane. USithombe waphulwa inhliziyo, wasala nesilonda esingapholi, waze wagcina ethutha endaweni eya emazweni angaphandle kweNingizimu Afrika ukuze akhohlwe futhi aqale impilo entsha. Wayefuna nokubalekela amehlo omakhelwane, esaba ukuba yinhlekisa endaweni, ngenxa yokuhlukana kwabo (ikhasi105).

Bangabantu abanjani?

USithuli ungumlingiswa ongahlakaniphile, okhombise ubulima ngokulalela uSithombe ahlukana naye iminyaka, aze aye enyangeni uBodlolomnkantsha, agcine ngokukhotha amaconsi egazi womuntu onengculazi. Izenzo zakhe zikhombisile ukuthi akahlakaniphile futhi uthathela izinto phezulu, engacabangisisanga kahle. Ngenxa yobulima bakhe usefake impilo yakhe engozini, okungaselula ukuphuma kuyo.

Obunye ubulima ukuthi wenze isethembiso nomuntu wesifazane ukuthi uzomshada bese engasamshadi. Lesi senzo siyinkinga ngoba lowo muntu wesifazane akasoze wakuxolela kalula ngoba uzothi wamchithela isikhathi. Kuhle ukukhuluma iqiniso othandweni.

Omunye umfundi angathi ukhombise ukungabi nolwazi olwanele ngesifo sengculazi ngoba ukube ubefundisiwe ngaso ubezolindela imiphumela, angayi kuBodlolomnkantsha.

USithombe ungumlingiswa okhohlakele, onesibindi ngoba wakha uzungu lokuziphindiselela nenyanga uBhodlolomnkantsha, waze wayikhokhela. Emva kwalokho uSithombe wabhala incwadi yokuqala eqamba amanga ukuthi ingculazi wayithola ngesikhathi besathandana, eminyakeni eyisithupha edlule, manje usegulela ukufa. Lokhu wakuthola ngokuthi isoka lakhe lokuqala lashona, kwathi elesibili lashesha ukuthola usizo kuBodlolomnkantsha. Ngakho-ke uSithombe uyafisa ukuthi uSithuli athole usizo ngokushesha ngoba akathandi ukuthi naye afe engenacala. Washo nokuthi uBodlolomkantsha ukhona ngakubo kwaSithuli eLaskop, ngakho-ke kungakuhle aphuthume (ikhasi 95, 96, 97). Ekugcineni uSithuli waya kuBodlolomkantsha owazincoma ngokuthi uyaselapha ngempela isifo sengculazi. Wagcina ngokuyala uSithuli ukuthi akathathe umuthi azomnika wona, awuhlanganise namaconsi egazi entombanzane ayethandana nayo, le enengculazi (ikhasi 99, 100, 101).

Omunye umfundi angathi ungumuntu wesifazane ongaziphathanga kahle. Emva kokuhlukana noSithuli waya emazweni ase-Afrika wathandana nabantu besilisa abahlukahlukene ngoba ethi akasabathembi abantu besilisa, uyaziphindiselela emva kokuphoxwa nguSithuli. Wagcina ngokuthola ingculazi.

IEB Copyright © 2024

Veza umehluko phakathi kwabo.

USithuli uhlukile kunoSithombe ngoba emva kokuthi esetholile encwadini yesibili ukuthi uSithombe ubeziphindiselela, futhi naye usenengculazi, akazange alandele umqondo wokuziphindiselela noma umqondo wokuqedelela uSithombe. Ukhethe ukuqhubeka nempilo, azame ukudlulisa le nkinga.

USithombe ukhohlakele ngoba waba nomona ngempilo kaSithuli. Wabona kungcono ukuthi naye ezwe ubuhlungu bokuphila nesifo sengculazi ngenxa yokuthi wahlukana naye esamthanda. Ubambelela kokudala, akadlulisi unamagqubu, unenhliziyo embi.

Bhala ongakuthandanga ngabo.

USithuli angithandanga ukuthi wakholwa kalula noma wakhohliseka kalula nguSithombe, ekubeni sebahlukana kudala. Lesi senzo sikhombise ubulima obukhulu.

USithombe angithandanga ukuthi emva kokuzikhethela ukuthi uzoya emazweni e-Afrika athandane nabantu besilisa abahlukahlukene ngenxa yokuzwiswa ubuhlungu nguSithuli ngokuhlukana naye. Wakha icebo lokusulela uSithuli ngengculazi.

Wena ungakhetha bani phakathi kwabo ukuthi abe ngumngani wakho? Kungani usho kanjalo?

Kuzoya ngempendulo yomfundi. Omunye angathi uSithuli ngoba noma kuthiwa wenza iphutha ngokuthembisa uSithombe umshado, wagcina ngokungamshadi. Kuyilungelo lakhe ukuguqula umqondo. Ngakho-ke alikho iphutha elikhulu alenzile. Okunye ukuthi noma esetholile ukuthi uSithombe ubeziphindiselela akabanga nomuzwa ofanayo.

Omunye umfundi angathi uSithombe ngoba uSithuli wamthembisa umshado, wase emlahlisa okwenyongo yenyathi. Ukube akakwenzanga lokho uSithuli, ngabe akayanga emazweni, ngabe akathandananga nabantu besilisa abahlukahlukene, ngabe akanangculazi futhi ngabe akaziphindiselelanga.

Ulimi nohlelo
Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 3

***UMZUKULU*: W. M. Khumalo**

Umama kaSidumo uvakashela uSidumo ejele. **Bhala ingxoxo** phakathi kukaSidumo nomama wakhe. Engxoxweni makuvele ukuthi laba bobabili bazizwa kanjani.

Kuzoya ngempendulo yomfundi:

Empendulweni yomfundi makucace ukuthi laba bobabili umama kaSidumo noSidumo bazizwa kanjani ngokwenzekile kanye nokuzogcina kwenzeka.

Umama kaSidumo

Okokuqala umama kaSidumo angaveza ukudumala ngenxa yobugebengu obenziwe yindodana yakhe, ikakhulukazi kubaba wakhe, umkhulu kaSidumo uBhatomu. Angaveza nokuthi wamkhuza uSidumo ngezenzo zakhe zobugebengu kaningana kodwa uSidumo waqhubeka nokuphika (ikhasi 19).

Angaphinde aveze nokuphoxeka uma ezwa ukuthi oSidumo bamenzani umkhulu wakhe, uBhatomu. Nanokuthi uSidumo nguye okwakufanele abulale uBhatomu ukuze azokwamukelwa ngokuphelele ebugebengwini. Angathuswa nawukuthi abagcinanga ngokuthatha imali kuphela newashi legolide kodwa babehlose ukumbulala (ikhasi 15/16).

Angasho nokuthi kanti sonke lesi sikhathi uSidumo ubethenga ngemali yobugebengu (ikhasi 18). Naye ubephila ngemali yobugebengu. Aveze nokudumala ngenxa yamanga aqanjwa nguSidumo ngobugebengu, amphoqelele ukuthi akakhulume lonke iqiniso njengokuthi ubugebengu wabuqala nini, usebenze isikhathi esingakanani, sebebulale abantu abangaki, izimpahla ake afika nazo ekhaya wayezithathephi, njll.

Umama kaSidumo angafisa ukwazi izizathu ebeziphoqelela uSidumo ukuthi aqhubeke nobugebengu. Ukuthi isikole wayengasifuni, abangane ababi, ukushona kukayise, ukuhlupheka, njll. Angaveza nokuthi wayesemsaba ngoba ubesekhulile, engasalaleli, ebuya ebusuku futhi engasamhloniphi, ekhuluma noma ikanjani naye.

Umama kaSidumo angaveza nokuthi amathuba okuthi athole ifa kuBhatomu, wonke ashabalele ngoba uBhatomu uthukuthele kakhulu. Akakholwa nokuthi yena unomzukulu oyisigebengu futhi ongumbulali. Akafuni lutho oluzomhlanganisa noSidumo futhi ngeke amxolele ngalesi senzo sakhe esibi.

Omunye umfundi angathi umama kaSidumo ube nakho ukuzisola ngezenzo zikaSidumo, ezibuza eziphendula ngendlela akhulise ngayo uSidumo. Angathembisa ukumeseka uSidumo nakuba lento ayenzile angavumelani nayo. Nanokuthi uzozama ukwenza konke okusemandleni akhe ukuthi aphume ejele, ngisho nokuncenga umkhulu wakhe ukuthi asule icala ukuze uSidumo aphume ejele.

IEB Copyright © 2024

USidumo

Enkulumweni kaSidumo kungavela ukuthi uyazisola ngazo zonke izenzo abezenza, naye wayezenziswa ubungane, ukuhlohlana nabangane, ukuthanda izinto, ukufuna impilo engcono esheshayo, ukuvilapha ukufunda, njll.

Angaveza nokuthi ukungabi bikho komuntu wesilisa ekukhulisweni kwakhe njengobaba wakhe noma umkhulu wakhe, kungenzeka ukuthi kube nomthelela omubi empilweni yakhe. Ubengekho umuntu wesilisa ozoba yisibonelo esihle futhi amfundise indlela yokuphila njengomuntu wesilisa.

Angabeka unina amabala ngokuthi naye wayemtotosa, babehlupheka unina engakwazi ukumthengela izinto azidingayo, njll.

Angacela unina ukuthi amkhulumele nomkhulu uBhatomu, amxolisele, amchazele izizathu zezenzo zobugebengu bakhe, athembise ukuthi usifundile isifundo, ucela umkhulu asule icala ukuze azodedelwa baqale impilo entsha bonke. Athembise nokuthi uzoqhubeka nokufunda futhi ngeke ayimoshe imali yefa.

Omunye umfundi angaveza isayidi lokungazisoli kukaSidumo ngenxa yokuthi ukhule engenaye ubaba nomkhulu. Bebahlupheka ngakho-ke ubezama impilo, ngeke abakhiphe abangane bakhe ngoba yibo abantu abamkhombise uthando ngokumamukela ezimpilweni zabo, njll.

Ingqikithi: okusendabeni = (7); okwakho = (3)
Isakhiwo: isingeniso sengxoxo (½); ukweqa imigqa (½); imizwa (½); block format (½)
Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½); ulimi olunothile (1)
Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 4

***IZIFUNGO*: S. Bhengu**

Ukungathembeki nokuzicabangela emshadweni kungaba nomphumela omubi ekugcineni.

Isingeniso

Lapha umfundi uzongenisa ngokuvumelana nesitatimende, abhekise emaphuzwini asendabeni njengokuthi uBuhle wakhombisa ukungathembeki, waqamba namanga ngezenzo zakhe emshadweni, ngisho uZethembe esembekezelele isikhathi eside, okugcine ngokuthi bahlukanise.

Ingqikithi

- **Bhala ngezenzo ezimbi ezenziwa nguBuhle emshadweni.**

  UBuhle waqala wafunwa yizingcingo zamadoda ubusuku nemini walandelisa ngokuhamba amaphathi abuye ebusuku. Wagqoka izingubo ezimfushane ebe engunkosikazi womuntu, waphuza utshwala, wathatha nezidakamizwa. Ngokuhamba kwesikhathi waqala ukubuya ezintatha elethwa yizimoto zabantu besilisa abahlukahlukene. Wagcina ngokungalali ekhaya, abuye ngesikhathi asithandayo emva kwezinsuku ezimbalwa (ikhasi 70), njll.

  Waphinde wakhipha izisu kabili ekhulelwe, ngoba azi kahle kamhlophe ukuthi uZethembe uyamthanda, ulungile, uyikholwa ngakho-ke uzomxolela. UBuhle wayelala namanye amadoda kodwa ebe eshadile, aze atshele uZethembe ukuthi umzimba ngowakhe (ikhasi 71, 72).

  UBuhle waphinde walahla ngisho nendandatho yakhe yomshado emgqonyeni wezibi, wakhombisa ukungahloniphi uZethembe nomshado wabo (ikhasi 67).

  UBuhle waphinde wadlala ngoZethembe iminyaka eminingi, wahlekisa ngaye komakhelwane kwaze kwafika ekugcineni, lapho uZethembe amfica enze iphathi endlini, bedakiwe futhi belele embhedeni wabo noZethembe. Kwaze kwaphoqeleka ukuthi uZethembe akhiphe isibhamu abaxoshe ngaso, okuyinto angeyiyo.

- **Izizathu zokubekezela kukaZethembe.**

  UZethembe wayehlonipha izifungo zomshado abazenza phambi kukamfundisi nomphakathi (ikhasi 66). Njengekholwa wayengafuni ukuhlukanisa futhi wayenethemba lokuthi uBuhle uzoshintsha ikakhulukazi ngesikhathi ayekhulelwe. Wayemthanda kakhulu uBuhle enethemba ukuthi uzoshintsha.

- **Umphumela wokungakhuzeki kukaBuhle emshadweni.**

  Ekugcineni uZethembe waphoqeleka ukuhlukana noBuhle ngoba uBuhle wahluleka ukushintsha. Kunalokho waqhubeka ngokwenza izenzo ezimbi ezilulaza umshado wabo noZethembe kanye nesithunzi sikaZethembe emphakathini.

IEB Copyright © 2024

- **Izizathu zikaBuhle zokufuna babuyelane noZethembe.**

  Emva kweminyaka uBuhle washaywa umhlaba, wazisola. Wafuna ukuthi babuyelane noZethembe. Izizathu zakhe ukuthi uyaxolisa, njengoba benza izifungo kwakungafanele ukuthi bahlukanise. Okwesibili ukuthi uZethembe njengekholwa kufanele akwazi ukumxolela, babuyelane. Okwesithathu ukuthi wayesasemncane ngenkathi eshada esanda kuqeda isikole, futhi wayekhohliswa ngabangane. Esokugcina ukuthi wayelingwe ngusathane (ikhasi 66, 69).

- **Amaphutha enziwa uZethembe ngoBuhle.**

  Iphutha lokuqala elenziwa nguZethembe ukushada noBuhle esanda kuqeda umatikuletsheni. Omunye umfundi angathi akaqinisanga isandla ngokwanele ngoba yena wayemdala, kwakufanele ashaye imithetho eqinile emzini wakhe.

  Iphutha lesibili ukuthi wabekezela isikhathi eside, ngoba ekholelwa ngukuthi uBuhle uzoshintsha. Ukubekezela kwakhe kwacishe kwamfaka enkingeni ngoba wagcina ngokukhipha isibhamu ukuxosha uBuhle nabangane bakhe, abayizidakwa.

- **Wena ukube unguZethembe wawungamxolela yini uBuhle?**

  Cha ngangingeke ngoba okokuqala sengishadile, unkosikazi wami wesibili uyangithanda nami ngiyamthanda, uyangihlonipha futhi sinengane yentombazane (ikhasi 67). Okwesibili ukuthi walithola ithuba lakhe isikhathi eside, wadlala ngalo. Okwesithathu angimthembi, ngoba angangigila futhi. Okokugcina ukuthi ngoba nakhu eseshaywe ngumhlaba nobuhle sebuphelile, esedabukisa, usefuna ukubuyelana nami, phinde, ngeke kulunge.

Isiphetho

Isiphetho kanye nesifundo osithole kule ndaba.

Le ndaba iphetha ngokuthi uZethembe ashaye phansi ngonyawo mayelana nesicelo sikaBuhle sokuthi babuyelane. UZethembe ugcina emxosha uBuhle, futhi emazisa ngokuthi useshadile noNozipho, banengane yentombazane futhi bayathandana, bahlalisene kahle kakhulu.

Isifundo ukuthi uma usafunda noma uqeda umatikuletsheni ungasheshi ukushada ngoba usemncane. Zama ukuqhubeka nemfundo ukuze uzokhula ngezenzo nangomqondo. NjengoBuhle owajaha ukushada engakakulungeli ngoba ejatshuliswa ngukuthi uyashadwa, wangaqhubeka nokufunda. Ngenxa yokungakhuli ngokomqondo nasempilweni, wenza amaphutha amaningi, wagcina ngokuhlukanisa. Washaywa umhlaba, nekusasa lakhe lafiphala. Omunye angathi kubalulekile ukuhlonipha impilo nokuziphatha kahle emshadweni ngoba ekugcineni uBuhle ulahlekelwe okukhona ngokungekho.

Isakhiwo
Ulimi nohlelo
Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  – Isakhiwo esifanele
  – Ithoni nerejista efanele
  – Ulimi oluhle
  – Isipelingi esihle
  – Ingqikithi enhle
  – Ikhono lokuziqambela
  – Ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwangama-180**.

5.1 **Incwadi yobungane**

Esikoleni sakho kufike uthisha omusha. Bhala **incwadi** ubhalele umngane wakho ofunda kwesinye isikole, umchazele ngalo thisha.

Isakhiwo

- Ikheli lobhalile (1)
- Usuku – inyanga ngesiZulu (1)
- Igama lobhalelwayo (1)
- Isibingelelo (½)
- Isingeniso (½)
- Umzimba (½)
- Isiphetho (½)
- Yimina u … (1)
- Igama lobhalile (1)

Ingqikithi

Uma umfundi ekubhale konke okubalulekile walandela yonke imigomo yokubhala kwencwadi yobungane, uyowola wonke amamaki.

- **Uthisha ungubani, ufundisani, ngumuntu onjani?**

  Igama nesibongo salo thisha omusha nguMnumzane Nkabinde. Ufike kulesi sikole ngenyanga edlule. Engikubonayo ngaye ukuthi unomusa, nothando nesineke. Ngokwesiqu/Ngokomzimba mude, mncane ngomzimba futhi ufaka izibuko, njll.

IEB Copyright © 2024

- **Ufundisani, kanjani?**

  UMnumzane Nkabinde ungumuntu omnyama futhi ufundisa izibalo. Engakafiki, abafundi abaningi babengajabulile ngoba kuza uthisha omnyama ozofundisa izibalo. Iningi labafundi abamhlophe lalithi ngeke akwazi ukufundisa izibalo. Okungimangazayo ukuthi emuva kwenyanga eyodwa-vo, useyintandokazi. Ufundisa kahle, usebenzisa izinsiza ezihlukene, usebenzisa nokucula, uchaza kucace bha, abafundi bayingxenye yokufunda, banikezwa ithuba lokubhala ebhodini bafundisane, umsebenzi omningi siwenza ekilasini, uma kunenkinga uyasisiza, usinika amanothi achaza ngokusobala, njll.

- **Ubudlelwano nabafundi, nabazali.**

  Njengoba sengishilo ukuthi ubengathenjwa kodwa manje akasaconsi phansi. Wonke umfundi ufisa ukufundiswa nguye, ngisho nabamhlophe imbala. Abazali bamuthanda ukufa, usengundabamlonyeni esikoleni. Uyadlala wena, isiNgisi usikhipha ngamakhala, ngesendlovukazi yamaNgisi ngempela. Kanti nesiZulu usikhuluma kahle futhi uyaziqhenya ngobuntu bakhe kanye nokufundisa, njll.

- **Ushintsho ngokufika kwakhe.**

  Ngesikhashana esincane efikile, luningi ushintsho aselwenzile. Iningi labafundi lenza kahle ezibalweni, kanye nami. Kanti ngacishe ngazishiya izibalo ngenxa yokungenzi kahle. Nekusasa lami seliqhakazile ngoba uma ngiphumelela ezibalweni ngamalengiso ngizokwazi ukufundela ubudokotela. Okunye ukuthi njalo emva kwesikole uyasala ekilasini asize abafundi abadidekile. Lokhu bekungenzeki neze, abanye othisha hleze bephuthuma, abanaso isikhathi, njll. Usinike namanothi amahle kanye nezimpendulo ezicacisa kabanzi, okwenza umsebenzi ube lula.

- **Isifundo osithole ngokufika kwalo thisha omusha.**

  Engikufundile ukuthi ungabathathi kancane abantu ngenxa yebala labo, ubulili babo, umsebenzi abawenzayo njalonjalo. Uma umuntu ungamazi kuhle uzithulele. Nami ngangingomunye wabafundi abanokumngabaza kodwa manje useshintshe izinto. Okunye ukuthi uma uyithanda into oyenzayo, uyenza ngokuzinikela njengoMnumzane uNkabinde okhonze ukufundisa izibalo, uzophumelela, ungashintsha izinto, njll.

Ulimi nohlelo: izimpawu zokubhala (½); isipelingi (½); isitayela nethoni (½); ulimi olunothile (½)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½)

IEB Copyright © 2024

NOMA

5.2 **Umbiko**

Nanka amaphuzu abalulekile ngombiko

Isakhiwo

- Isihloko (½)
- Isingeniso (1)
- Izindlela zokuqoqa ulwazi (1)
- Okutholile ocwaningweni (½)
- Isiphetho (½)
- Iziphakamiso (½)
- Igama lobhalile (½)
- U … (½) egameni
- Ukusayina (½)
- Isikhundla salowo obhalile (½)
- Usuku (½); inyanga ngesiZulu esiphelele (1)

Ingqikithi

Okutholile

- Imicimbi, utshwala, izidakamizwa.
- Ukukhulelwa/ukukhulelisa usafunda.
- Ingcindezi yokuphumelela/ukungaphumeleli.
- Isiphetho.
- Iziphakamiso.

Ulimi nohlelo: izimpawu zokubhala (½); izivumelwano (½); isipelingi (½); ulimi olunothile (½)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½)

IEB Copyright © 2024

Nasi isibonelo sombiko

Isihloko: Umbiko ngezinkinga ezibhekene nentsha efunda umatikuletsheni.
Isingeniso: Umbiko nezinkinga ezibhekene nentsha efunda umatikuletsheni, ucelwe nguthishanhloko ngomhla ka-20 kuMbasa ku-2019.

Izindlela zokuqoqa ulwazi

1. Ukuxoxisana nabafundi.
2. Ukuxoxisana nothisha bezikole zendawo.
3. Ukuxoxisana nabazali babafundi.
4. Ukuxoxisana namalunga omphakathi nje.
5. Ukuxoxisana nabaholi bomphakathi.
6. Ukuxoxisana nemikhandlu yabazali.
7. Ukuxoxisana nemikhandlu yabafundi.
8. Ukuxoxisana namaphoyisa endawo.

Okutholakele

1. Amanye amalunga omphakathi **anesandla ekubhebhethekiseni** ukungahloniphi kwabafundi besikole ngoba befuna ukuqhubeka nokudayisa izidakamizwa ezikoleni ukuze benze imali esheshayo.
2. Nabanye othisha banomthelela ngoba abafundisi kahle, abanye abakhulumi kahle nabafundi. Kunokunikeza abafundi ithemba, babatshela ukuthi bazofeyila ngoba bayiziphukuphuku, njll.
3. Abazali banesandla ekubhebhethekiseni kwezinkinga zentsha ngoba bayasaba ukujezisa nokukhuza izingane zabo.
4. Abanye abaholi bomphakathi banesandla ngoba bazuza amaphuzu kwezepolitiki uma izingane zidla izidakamizwa zingalaleli.
5. Abaholi bomphakathi abezwani bebodwa ngenxa yobulunga ezinhlanganweni zombusazwe. Kunombango, ngakho-ke bazibhekelela bona kunokulungisa izinkinga zentsha nomphakathi.
6. Abafundi nabo banenkinga yokungahloniphi, abalaleli, bacabanga ukuthi bayazi ngoba sebezoqeda esikoleni.

Ukuphetha

Ziningi izimbangela ezibhebhethekisa ukungaziphathi kahle nokungenzi kahle kwabafundi baseMqhawe High kanti zibonakala zidalwa amalunga omphakathi, kubandakanya nothisha. Kudingeka umhlangano kakhukhulela ngoqo wazo zonke izinhlaka zomphakathi ukuze kuvulelwane izifuba bese kuqhanyukwa **nezixazululo** ezingaba yikhambi elelaphayo ukuze ikusasa labafundi liqhakaze.

IEB Copyright © 2024

Iziphakamiso

1. Othisha abayeke **ukubamba imihlangano ngasese, babambisane** ukuze izingane zizothola imfundo eziyizele esikoleni. Bayeke ukukhuluma nezingane kabi. Bakhombise uthando futhi bachithe isikhathi sabo befundisa emakilasini.
2. Abafundi **ababoniswe ngobubi nemiphumela yokungahloniphi, ukuthatha izidakamizwa kanye nokukhulelwa besafunda**. Mhlawumbe, uthishomkhulu angamema uKhomishana wamaphoyisa ukuze azolekelela. Okunye okungenziwa ukuthi amaphoyisa aseshe abafundi, labo abatholakala nezidakamizwa esikoleni baboshwe.
3. Abaholi bomphakathi ababambe imihlangano namalunga omphakathi ukuze umphakathi uveze izikhalo zawo futhi **bakwazi ukulekelela isikole ngokuthembeka**.
4. Abafundi abafunde ukuziphatha kahle, bahloniphe imithetho yesikole, bayeke ukuba wuvanzi ezitaladini, **babhekane nezincwadi ukuze bazophumelela babe nekusasa eliqhakazile**.
5. Zonke izinhlanga zobuholi esikoleni nasemphakathini azifunde ukuhloniphana nokuhola ngeqiniso.
7. Amaqembu ezepolitiki awafunde ukubekezelelana ngoba azokona ikusasa lezingane.

Uhlelwe ngu: D. B. Zimu
D B Zimu
26 kuNhlaba 2019
[Induna yabafundi]

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

6.1 **Isaziso**

Uma umfundi ekubhale konke lokhu okubalulekile uyowola wonke amamaki.

Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa okumele kucace yilokhu:

Ingqikithi
- Chaza ukuthi iziphi izinto enizibheke kulo muntu enimfunayo.
- Imisebenzi alindeleke ukuba ayenze.
- Chaza ukuthi isiphi isipiliyoni enisifunayo.
- Izicelo zomsebenzi kumele zifakwe kuphi.
- Umuntu okufanele kuxhunywane naye nezinombolo zocingo.

Isakhiwo: siya kubani (½) sivela kubani (½); usuku (½); isihloko (½)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½)

NOMA

6.2 **Umlando kamufi**

Lapha umfundi kudingeka alandele yonke imigomo yokubhalwa komlando:

Isakhiwo

Isihloko esinamagama aphelele kamufi.

Ukuvalelisa ekugcineni; Phumula ngoxolo Gatsheni. Ndlela-nhle Boyabenyathi. Sengathi umphefumulo wakho ungaphumula ngoxolo, njll.

Ingqikithi

- Oshonile – amagama akhe aphelele.
- Imininigwane yakhe (wazalelwaphi, uzalwa obani).
- Imfundo yakhe nalapho asebenze khona.
- Amagalelo akhe (izikhundla zakhe/imiklomelo, njll).
- Usuku ashone ngalo.
- Abantu abashiye emhlabeni **isib:** abazali, ozakwabo, inkosikazi noma umyeni wakhe nezingane zakhe.

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½)
Amagama anele (½); ukubhala inani lamagama (½)

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2024